



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2013

GAUTENG

AMAMAKI: 120

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-15.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINE:

ISIQEPHU A: Isifundo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B: Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(60)
ISIQEPHU D: Imibhalo	(20)

2. Phendula YONKE imibuzo ezigabeni A, B no-C bese ukhetha izincwadi EZIMBILI esigabeni D.

3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni ngamunye.

5. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

6. Hlela isikhathi kanje:

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-45
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-45
ISIQEPHU D: Imizuzu engama-30

ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1**

1.1 Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

OSAZIWAYO BAFUNA IZINTO EZIHLUKILE

Impilo yosaziwayo ('celebrities') emculweni yokuba nemali eningi igcina ibenza bangancengi uma kukhona abafuna kwenziwe. Okubalulekile ngabo ukuthi izinto abazifunayo uma beqashiwe emicimbini beyocula zivame ukudida/ukumangaza zishiye abantu bemangele ('surprised'). Noma ngabe yini leyo abayifunayo kusuke kufanele nakanjani ukuthi yenziwe njengoba beyifuna noma kulukhuni kangakanani. Lokhu kwenza abanye bazifakele isidina ('less popular') ngenxa yezinto abazifunayo.

Kwabaphesheya kwezilwandle ('abroad') abanemali eningi abasali kulokhu. Singabala o-Beyonce, Madonna, Christina Aguilera nabanye. Abaculi abafana no-Madonna, Maria Carey noMarry J Blige bafuna isihlalo sendlu encane ('toilet seat') entsha kunoma yikuphi lapho beyocula khona. UMarry J Blige wedlulele ngoba ufuna ukuthi eyakhe indlu encane ingasetshenziswa ngomunye umuntu ngaphandle kwakhe. Kufakwe uphawu oluthi; 'Ungaphazamisi' ('do not disturb') olunophawu lwezibabazo ezingama-26. Umculi odumile we-Rap uKanye West, kuthiwa yena ufuna amathawula amaningi amhlophe akwa Versace azosisula ngawo uma esecula.

UQueen Latifa kuvela ukuthi ufuna ukulungiselelwa amaqatha ayi-12 enyama yakwa KFC. UNelly yena akafuni okuningi ngaphandle kokuthi ibhanoyi azondiza ngalo ucela kungabi elakwa Southwest Airlines. Ukudla kuka P Diddy kudingeka ukuthi kuqale kuhlolwe/kubhekwe ukuthi akunazinwele, amaphepha nokunye okungadingeki ekudleni okungangena ngephutha. UR Kelly kuvele ukuthi lapho ezohamba khona ubengadingi muntu, ngakho kumenyezela ukuthi CODE BLUE, lokho okusho ukuthi la ekhona suka ngoba uyeza futhi akadinge kuhlangana namuntu endleleni ngoba uzolimala. UJenifer Lopez kuthiwa ufuna ikamelo lakhe azolisebenzisa libe mhlophe qwa. Impela labo saziwayo bayazitshela abafani nabasemazweni ase-Afrika. Abaculi baseNingizimu Afrika abadumile njengoMandoza, uLira, uZahara, uKhaya Mthethwa, uDanny K, nabanye abaziphathi njengalaba basemazweni aphesheya kwezilandle.

- 1.1.1 Abakuphi labo saziwayo okuthiwa banemali eningi? (1)
- 1.1.2 Yini eyenza ukuthi osaziwayo bangancengi uma kukhona abafuna kwenziwe? (2)
- 1.1.3 Bhala abaculi baseNingizimu Afrika ABABILI abasendabeni. (2)
- 1.1.4 Iqiniso noma umbono ukuthi uP Diddy akakudli ukudla okungcolile? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.5 Qhathanisa UHLU A no HLU B.

UHLU A		UHLU B	
a)	UKanye West	A	Code Blue
b)	UQueen Latifa	B	Ikamelo elimhlophe
c)	UR Kelly	C	Amathawula amhlophe
d)	UJennifer Lopez	D	Inyama yakwa KFC

(4)

1.1.6 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:


(a) Isidina kusho: (ukuthandwa, ukungathandwa, udumo). (1)

(b) Ukuzitshela kusho: (ukuzenza ngcono, ukwaziwa kakhulu, ukuba nemali eningi). (1)

1.1.7 Ngamaphuzu AMABILI bhala umahluko phakathi kosaziwayo baphesheya kwezilwandle kanye nabaseNingizimu Afrika. (4)

1.1.8 Ngokucabanga kwakho yini eyenza ukuthi abanye abaculi bafune isihlalo sendlu encane entsha kunoma yikuphi lapho beyocula khona? (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.



1.2.1 Bakuphi laba bantu abasesithombeni esingenhla? (1)

1.2.2 Bhala OKUBILI okusesithombeni okuphathwa/okulethwa izivakashi uma zizobona iziguli. (2)

- 1.2.3 Khetha impendulo efanele:
- (a) Umuntu olaliswe esibhedlela ubizwa ngokuthi: (isivakashi, isiguli, unesi) (1)
- (b) Stop AIDS kusho ukuthi: (qaphela ingculazi, vimba ingculazi, unengculazi) (1)
- 1.2.4 Ngokucabanga kwakho bahlobene kanjani laba abasesithombeni? (2)
- 1.2.5 Bhala amaphuzu AMABILI afakazela ukuthi laba abasesithombeni baphila esikhathini samanje. (4)
- [30]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2**

Funda le ndatshana emayelana **nokuzithanda kubantu**.

IMIYALELO:

1. Bhala amaphuzu ayisikhombisa ngemisho ephelele. Amagama akho abe phakathi kwamagama angama-40 kuya kumagama angama-50.
2. Sebenzisa amagama akho emshweni.
3. Bhala izinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
4. Bhala umusho emuqgeni omusha.
5. Bhala kubakaki inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kokufingqa.

UKUZITHANDA KUBANTU

Kulezi zinsuku abantu bathanda kakhulu ukuthi babe bahle uma beya emsebenzini, emadolobheni, emasontweni ngisho nasemingcwabeni imbala. Lokhu kwenziwa kakhulu abesifazane kanti nabesilisa abasazibekile phansi. Izitolo ezidayisa/ezithengisa impahla, izimonyo zezinwele ('hair products') ziletha imikhiqizo ('products') emisha njalo ukuze zihambisane nesikhathi.

Amakha ('perfumes') asetshenziswa abesilisa nawo abiza ngokufana nawabantu besifazane. Abantu bazilungisa kahle bazifafaze ngamakha abiza umuntu ele kude. Akukuhle ukuzwa iphunga lamakhwapha kumuntu wesilisa, kodwa nokho selehlile kakhulu izinga labantu besilisa abanuka amakhwapha.

Ukuphatha kahle umzimba kusho ukuwugcoba ngezinto ezinuka kahle kuphinde kuhambisane nesisindo somzimba ('body weight') womuntu. Abantu abathe ukuba bakhulu bavamise ukusebenzisa amakha abiza kakhulu. Izindawo zokuvocavoca umzimba ('gyms') ziyakufakazela ukuthi abantu bayazithanda ngoba zihlale zigcwele ubusuku nemini. Babodwa ababhukudayo ('swimming'), babodwa abagibele amabhayisikili angahambi. Abanye banomuntu obatshela ukuthi benzenjani uma bezivocavoca. Wonke umuntu uyajuluka lapha. Ngabe ukhona onake omunye na? Cha. Zonke lezi zinto ezenziwa lapha zikhomba ukuthanda umzimba wakho.

Abantu banakekela amakhanda abo. Izinwele zinakekelwa kusukela ekuseni kuze kuyolalwa ebusuku. Noma bekwenza nabesilisa kodwa abesifazane bahamba phambili. Izitayela ezahlukile uzithola emakhanda abo. Uma ungalenzile ikhanda ubonakala sengathi uyisilima nje futhi awulithandi ikhanda akho. Lokhu akwenzeki emadolobheni kuphela kepha nasemakhaya/emafamu sekuyenzeka.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Lungisa amagama angabhalekanga kahle ngokufaka osonhlamvukazi ('capital letters') nezimpawu zokubhala ('punctuation marks').

Uakhona mthethwa usefunda ibanga leshumi nanye. umama wakhe umthembise ukuthi uma ephasile uzomvakashisa phesheya kwezilwandle e-australia Ubaba wakhe yena. Uthembise ukuthi uzomthengela imoto kanokusho ipollo Vivo.

[7]

UMBUZO 4

Buka lesi sikhangisi esilandelayo bese uphendula imibuzo:

!HILAS IMBIZA YEMPILO!



*Ikunika **AMANDLA!**
Ivula **INHLIZIYO!**
Ibuyisa **IGAZI!**
Ibuyisa **UMQONDO**
Iqeda **UKUQALEKELA** izidakamizwa!
Ilungele **WONKE** umuntu!*

*INANI lingu-**R150,00** kuphela ibhodlela!*

*Uma uthenga amabhodlela **AMATHATHU** kanye kanye uthola
ISAPHULELO, uwathola ngentengo **YAMABILI***

Thintana no Nozinti Khumalo:

079 383 7676 (iselula)
011 292 7768 (ifeksi)
27 Bule Rd, Brakpan, 2675
empilweni.phila@gmail.com



WALALA WASALA!

- 4.1 Yini ekhangiswayo lapha? (1)
- 4.2 Sibhekiswe kobani lesi sikhangisi? (2)
- 4.3 Chaza ukuthi isithombe sihambelena kanjani nalokhu okukhangiswayo? (2)
- 4.4 Bhala imisebenzi EMIBILI eyenziwa ile mbiza. (2)

- 4.5 Uphulelwa imali engakanani uma uthenga amabhodlela amathathu? Bhala le mali ngesiZulu esihle. (2)
- 4.6 Bhala izindlela EZIMBILI ongayithola ngazo le mbiza? (2)
- 4.7 Ngokucabanga kwakho kungani la magama asesikhangisweni ebhalwe ngefonti enkulu kunamanye? (2)
- 4.8 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe esikhangisweni: 'Walala Wasala!' (2)
- [15]**

UMBUZO 5

Funda le ndatshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

Esikoleni saseNaledi High School kunabafana ababili uJoe noSam. Laba bafana bahlale behamba ndawonye. Ngelinye ilanga besendleleni eya esikoleni uJoe washayiswa imoto yabaleka. UJoe waphuthunyiswa esibhedlela ngemoto yeziguli. Isimo asisihle esibhedlela kuJoe njengoba waphuka umlenze washayeka nasekhanda. Udokotela wajova uJoe wathi uzoba ngcono. Abazali bakhe baphatheka kabi.

- 5.1 Bhala i-akronimi yala magama: Naledi High School (1)
- 5.2 Buka igama elidwetshelwe bese ukhetha impendulo efanele kubakaki:
- 5.2.1 Laba bafana bahlale behamba ndawonye: (ibizo, isabizwana, isenzo). (1)
- 5.2.2 Udokotela wajova uJoe: (umenzi, isenzo, umenziwa). (1)
- 5.3 Guqula/shintsha lo musho ube inkathi ezofika/ezayo: Abazali bakhe baphatheke kabi. (2)
- 5.4 Bhala igama elilodwa esikhundleni salawa: 'imoto yeziguli'. (1)
- 5.5 Bhala isiqalo sebizo elithi **abazali**. (1)
- 5.6 Bhala umusho ngebizo 'ilanga' liveze umqondo ongafani nalo osesiqeshini esingenhla. (2)
- [9]**

UMBUZO 6

Khetha isifaniso ('simile') noma isingathekiso ('metaphor') kulezi ozinikiwe bese uqedela isiqeshana esilandelayo.

-nja; -bhubesi; -langa; -mvu; -pigogo

Uthisha wethu muhle yi (6.1) ... liphuma. Uqgoka imibala egqamile ongathi yi (6.2) ... Unolaka olufana nolwe (6.3) ... inkosi yezilwane. Sonke ekilasini sigoqa imisila yethu njengezi (6.4) ... uma eqhamuka. Siyathula silunge kuhle kwezi (6.5) ... uma ekhuluma. Nakuba kunjalo siyamthanda ngoba usinika iziyalo ezinhle.

[5]

UMBUZO 7

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo:

Kwathi ukuba abone uMathew ukuthi usephoxile. Waya kuthisha ngesizathu sokuxolisa ('apologise'). Wathi uma evula isicabha uthisha wavele wambuka njo ngamehlo, wazithulela. Ikilasi lonke lahleka kakhulu, wabona uMathew ukuthi kubi waphindela endaweni yakhe. Uthe ethi uyahlala phansi umfana ohlala emuva kwakhe wasidonsa isitulo wawa bhu phansi. Yasuka lapho impi balwa baze bahlukaniswa uyena uthisha. Babe sebeyiswa ehhovisi likaThishomkhulu owavele wadonsa indukukazi wabashaya. UMathew waphuma ngewindi wabaleka.

7.1 Bhala igama elithi 'uthisha' libe sebuningini bese ulisebenzisa emushweni ozakhele wona. (2)

7.2 Bhala amagama alandelayo abe ngondaweni.

- 7.2.1 Ikilasi (1)
7.2.2 Isitulo (1)
7.2.3 Iwindi (1)

7.3 Khipha igama eliyisenzukuthi kulesi siqephu esingenhla. (1)

7.4 Khetha esiqeshini igama elimqondophika kulawa alandelayo.

- 7.4.1 Evala (1)
7.4.2 Intombazane (1)

7.5 Qondanisa UHLU A ibizo noHLU B isabizwana soqobo.

UHLU A	UHLU B
7.5.1 impi	A lona
7.5.2 uMathew	B sona
7.5.3 ikilasi	C yona
7.5.4 isitulo	D yena

(4)

7.6 Khetha impendulo efanele kubakaki:

Igama indukukazi: (isinciphiso, isikhuliso, impambosi) (1)

7.7 Khetha ibizo ELILODWA esiqeshini esingenhla eliwumfakela ('borrowed') bese ubhala ngalo umusho ozozakhela wona. (2)

7.8 Ngokucabanga kwakho abafundi kufanele yini ukuthi bashaywe esikoleni? (2)

[17]

UMBUZO 8

Funda le nkulumo ecashunwe kwikholomu yephephabhuku i-Bona bese uphendula imibuzo elandelayo:

UMCULO WOKHOLO

'Bengilalele ikwaya yeJoyous Celebration, angikaze ngiwezwe amazwi amnandi kanje. Impela imizwilili yoqobo. Umculo wabo uletha injabulo. Uzibona ongathi useZulwini ('Heaven') uma ubalalele. Leli kwaya lingenza ngingabe ngisakwazi ukulalela omunye umculo. Siyabonga Joyous Celebration niqhubeke nokusipha ukudla kwendlebe!'

Ngu-Baggio
eWaterloo

- 8.1 Bhala amagama AMATHATHU ahambisana nesihloko. (3)
- 8.2 Kungabe iqiniso noma umbono ukuthi uBaggio uthanda umculo wokholo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 8.3 Khipha umusho uBaggio awusebenzisile ukuncoma noma ukutusa iJoyous Celebration. (2)

[7]**AMAMAKI ESIQEPHU C: 60**

ISIQEPHU D: IMIBHALO

Kulesi siqephu uzophendula ngezincwadi EZIMBILI kuphela.

Incwadi iyinye inamamaki ayi-10

Amamaki alesi siqephu esewonke angama-20.

UMBUZO 9**IZINDABA EZIMFISHANE: UMLABALABA – OEH Nxumalo**

9.1 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo.

IZINYEMBEZI – NG SIBIYA

Ngivele ngikhumbule yena uma ikhala. Kuvele kubuye ubuhle bakhe nobumtoto bamancoko akhe.

Ziqathake izinyembezi. Ngisukume. Ngiqonde etafuleni. Ngelule isandla. Ngiwucishe umsakazo. Ngesule ngomkhono weyembe izinyembezi. Kangisenandaba noma angazibona uNomkhosi. Uma ebuza ukuthi ngikhalelani, ngeke ngingabaze ukumtshela iqiniso. Kufuze ukuthi usezibonele kodwa naye ukuthi sekufike esiphethweni.

'Uyazi uyangixaka namuhla Ndumiso. Uyangixaka impela,' asho angigqolozele uNomkhosi. Ngithule. Ngibheke phansi. 'Kawusho Ndumiso, yini ngempela? Kukhulu okukudlayo kodwa kawufuni ukungitshela. Kangazi ukuthi usuqale nini ukungangitsheli uma kukhona okungakuphethe kahle. Selokhu ngifikile nje, kawukhombisi nokuncane ukwesasa lokhu. Ngeke uze usho ukuthi uhleli nomuntu omthandayo, okuthandayo.'

Cha uqinisile yena uNomkhosi bandla. Naye usuke wafika kabi ikhanda liphithaniswe inkumbulo kaThembisile. Ngimkhumbule lokhu okuyinqaba uThembisile. Kufanele kodwa, kuyaqala phela ukuthi kuze kuphele izinyanga eziyisithupha ngingakaze ngimbone. Bekungekho nandlela yokuthi angibhalele ngoba kangizange ngimnike ikheli lami ngoba ngihlose ukuthi inhliziyo yami ikhohlwe nguye. Kuyacaca-ke nokho ukuthi ngeke kuze kwenzeke lokho. Uyohlala egqamile nje phambi kwami.

Ivele ithatheke ingqondo. Intantathekele eminyakeni edlule ngisesesikoleni. Kubuye izinsuku zobungani bethu noThembisile. Lobu bungani sabuqhuba ngisho sesifunda ndawonye ekolishi lobuthishela.

- | | | |
|-------|--|-----|
| 9.1.1 | Uhlobene kanjani uNdumiso noNomkhosi? | (1) |
| 9.1.2 | Ngubani uThembisile okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? | (1) |
| 9.1.3 | Ingabe isihloko sale ndatshana siyahambelana yini nokwenzekayo kuyo? Sekela impendulo yakho. | (2) |
| 9.1.4 | Yini eyenza ukuthi uNdumiso akhale? | (1) |

- 9.1.5 Sekuphele izinyanga ezingaki uNdumiso engakaze ambone uThembisile? (1)
- 9.1.6 Ukuqgolozela kuchazani? Khetha impendulo kulezi:
- A Ukuthula
 - B Ukubheka into isikhathi eside
 - C Ukulala
- (1)
- 9.1.7 Yisiphi isizathu esenza ukuthi uThembisile angambhaleli uNdumiso? (2)
- 9.1.8 Ukwesasa kushoni ngokwendaba? Khetha impendulo eyodwa:
- A Ukujabula
 - B Ukukhala
 - C Ukucabanga ujule
- (1)
- [10]**

NOMA

- 9.2 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo:

UNEMBEZA

'Ngizwe kahle mntanami. Kangiqondile ukulokhu ngikuthunuka amaxeba. Ngiyazi ukuthi kakulungile ukuthi ngilokhu ngikhuluma kanje uma izinto sezinjena. Into nje ngenziwa ubuhlungu. Kubuhlungu mntanani lokhu engikuzwayo. Kubuhlungu ...' Likhale futhi ikhehla. Lisukume. Licoshe ubhoko. Lidondolozele lize liyophuma emnyango. Lime phakathi nephaseji. Liqgolozele phansi isikhathi eside. Ngesikade liphenduke, libuyele esihlalweni ebelihleli kuso.

'Senginqume ukukhipha umklomelo oyonikezwa lowo ongasiza ngomkhondo wombulali. Kufanele abanjwe, aboshwe mntanami. Cishe liyoncibikala ihlule elisenhliziyweni yami uma angase alengiswe ngentambo aze afe lowo muntu. Kuyongiduduza lokho nanxa engasenakuvuka uDaluxolo.'

Lisho liyibuke indodana yalo edindilize phansi. Isidumbu sayo simbozwe ichibi legazi. Ekhanda kunembobo evulwe isibhamu. Umbala wesudi ebigqokiwe kakusabonakal ukuthi ubunjani.

Kubuye kuthuleke ekamelweni. Kude kuzwakala umgqumo nje ekhehleni nakuMaMdunge. Kuyakhalwa. Kugobodisiwe. KuMaMdunge lisalokhu lidume njalo kuye. Kusengathi usazovuka uDaluxolo, amomotheke, agegetheke.

Kulowo mnyama kuzwakale ukuduma kwemoto. Baphakamise amakhanda. Lisukume ikhehla. Liphenye ikhethini. 'Sekungamaphoyisa mntanami. Kwabangcono asheshe afika. Kuhle phela ukuthi ukuphenya kuqalwe kusashisa nje.' Lisho lisukume. Lidondolozele. Liphume. Libuye selihamba nezingqomondo zezinsizwa ezintathu. Kukhona neyomlungu. Zimbingelele ngelokudabuka uMaMdunge. Kuzofanele ukuthi kezithi ukuyobukabuka lapha endlini, ikakhulukazi ekamelweni.

- 9.2.1 Ngubani okhala ngokudabukisa noma kabuhlungu kule ndaba? (1)
- 9.2.2 Ngubani obulewe kule ndaba? (1)
- 9.2.3 Ngubani uMaMdunge? (1)
- 9.2.4 Yini eyenza ukuthi umbala wesudi ungasabonakali? (1)
- 9.2.5 Ngabe amaphoyisa azophenya icala lani? Khetha impendulo kulezi:
- A Elokudlwengula
 - B Elokubulala
 - C Elokuntshontsha (1)
- 9.2.6 Wabe engumuntu onjani uDaluxolo ngokwalesi siqeshana? Khetha impendulo kulezi:
- A Onomona
 - B Onomusa futhi othanda ukuhleka
 - C Onesizungu (1)
- 9.2.7 Kungabe kusho ukuthini lokhu: 'Isidumbu simbozwe ichibi legazi' (1)
- 9.2.8 Iyiphi indawo amaphoyisa ayefuna ukuyiphenyisisa? (1)
- 9.2.9 Bhala OKUBILI okukhombisa ukuthi le ndlu okwenzeka kuyo le ndaba yindlu yesimanje. (2)

[10]

UMBUZO 10**UBUCIKO BOMLOMO: *INKOSI YINKOSI NGABANTU* – CT Msimang**

10.1 Funda isiqephu esingezansi bese uphendula imibuzo:

UKUBALULEKA KWESAGA

Omunye angabuza ukuthi kwakubaluleke ngani ukuba okhokho bazihluphe kangaka beqamba le nkulumo ensokotho ngalolu hlobo na? Ibaluleke ngani? Kuningi kakhulu okubalulekile mayelana nesaga, nokho lapha sizozama ukukuqoqela ngaphansi kwezibaya ezine kanje: **Ukuyala**. Lokhu kungaba ukwexwayisa, noma ukuvusa, noma ukweluleka. **Ukusongela, ukukhuthaza, ukweneka isimo esithile**-lapha kusuke kuchazwa amaqiniso angephikiswe, edalulwa, evezwa obala ngendlela yokusifundisa.

Ukuze izaga ziphumelele ekwenzeni konke lokhu kumele abaziqambayo baqaphele futhi baqhathanise. Abaqapheli nje indalo nokwenza kwayo, nabo uqobo lwabo bayaziqaphela. Asilinganise ngezaga ezimbalwa ezisuselwa ezithweni zomzimba womuntu. Lezi zibonelo zizokuveza obala ukuthi abasendulo babethi nxa bebona ukwenza kwezitho zemizimba yabo bese becabanga ngokwenza kwesintu jikelele, bese beqamba izaga ezizoba yimizekeliso yalokho, kanje:

Isaga: Iso liwela umfula ugcwele.

Incazelo: Umuntu uyayihalela into okungelula ukuba ayizuze.

Isaga: Isisu somhambi kasingakanani, singangenso yenyoni.

Incazelo: Ontulayo uyeneliswa ngisho kukuncane omupha kona.

- 10.1.1 Bhala izizathu EZINE ezibalulekile mayelana nokuqanjwa kwezaga. (4)
- 10.1.2 Nganjani amaqiniso angephikwe? (2)
- 10.1.3 Yini umsebenzi walezi zaga ezilandelayo:
- (a) Iso liwela umfula ugcwele. (1)
- (b) Isisu somhambi kasingakanani singangenso yenyoni. (1)
- 10.1.4 Bhala isaga ESISODWA esinegama lanoma yisiphi isilwane bese uyasichaza. (2)
- [10]**

NOMA

10.2 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo:

UMPENZA NEGWABABA – CT Msimang

Kwesukasukela! Nyaka mumbé, kwaxabana amaBhunu noZulu. Iningi lakholwa ukuthi uZulu uyokwehlulwa uma kungahle kubheduke impi. Nebala ithe ingabambana ngezihluthu, abantu banikela emizini yakwaZulu sebeyophanga izinkomo. Kwathi besaphuma nje, bezwa igwababa limemeza. Kube yinsambatheka lena. Phela abanye bayasinga bathi bazobona lo muntu okhulumayo ngoba abakholwa nje ukuthi ngempela ngabe kukhuluma igwababa. Kanti empeleni yilo kanye ihubhulu. Futhi lisho kahle nje lithi: 'Uyaphi we Mpeza? Uyaphi we Mpenza? Ungayi kuleyo ndlela yakho. Uzokufa! Akuyubuya muntu kule mpi. Phindela ekhaya!'

Wonke umuntu ulizwa kahle manje igwababa. Nomlayezo walo futhi ucacile. Pho kuzokwenziwa njani? Izinhliziyi zabaningi azikho kuleli gwababa, bona sebebuka le mpango engahle ibaphuthule ngenxa yehubhulu nje! Suka bo! Mbala-ke, baphikelela phambili! Kepha uMpeza yena wenyela kakhulu emoyeni ngokuyolelwa ngokufa. Nomzimba wakhe wawuzwa ushona phansi, wayesevela ephindela ekhaya. Nabanye bathi nxa bembona enza ibuya, baphenduka, nokho iningi lona laqhubekela phambili. Kepha kubo bonke labo, akusindanga noyedwa. Bathelekelwa yimpi yamaZulu ababecabanga ukuthi izokwehlulwa. Yashaya yabhuqa, kwasinda oyobika ekhaya, USihhili. Wafike wabika ekhaya: 'Nibona mina nje, wukuphela. Anisayubona mumbé'. Abantu bashaqeka kakhulu benanela bathi: 'Nempela izilwane lezi ziyakhuluma'.

Iyaphela-ke!

- 10.2.1 Bhala magama abalulekile uma uqala ukuxoxa inganekwane noma futhi usuyiphetha. (2)
- 10.2.2 Yiziphi izinhlanga ezaxabana? (1)
- 10.2.3 Kwenziwa yini ukuthi lolu hlobo lwenganekwane lubizwe ngomzekeliso? (2)
- 10.2.4 Kwakwenziwa yini ukuthi iningi labantu licabange ukuthi uZulu uyokwehlulwa uma elwa namaBhunu? (2)
- 10.2.5 Ngubani igama lomuntu owasinda empini? (1)
- 10.2.6 Ingabe iqiniso noma umbono ukuthi izilwane ziyakhuluma? Sekela impendulo yakho. (2)
- [10]**

AMAMAKI ESIQEPHU D: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 120